## U-SARS uyasemukela isilinganiso Semali Eqoqwayo Esibekelwe uNyakamali wezi-2024/25

**12 Ndasa 2025 —** UMnu. Edward Kieswetter, uKhomishana woPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (u-SARS), wamukela ngokuzethemba isilinganiso esibukeziwe semali eqoqwayo esethulwe uNgqongqoshe wezeziMali, uEnoch Godongwana.

Enkulumweni yakhe ngeSabelomali namuhla, uNgqongqoshe umemezele ukwenyuka kusilinganiso semali eqoqwayo saya ku-R1.846 trillion, sisuka ku-R1.841 trillion owawumenyezelwe ngonyaka owedlule kuSitatimende Senqubomgomo Yesabelomali Samaphakathi Nonyaka (i-MTBPS). Isilinganiso semali eqoqwayo esibukeziwe singcono kunesenziwa ngoMfumfu 2024 kanti futhi sinciphisa imali eyashoda kuNhlolanja 2024 esasibekwe ku-R1.863 trillion, sisuka ku-R22.3 billion siya ku-R16.7 billion.

Izwe lethu lisaqhubeka nokubhekana nezimo ezinzima kwezomnotho, nokwenze kwaba nezinguquko ezingezinhle kwezomnotho. Phezu kwesimo esinzima sezomnotho, ukwenza kahle ekuqoqweni kwemali okubikezelwe kuzosiphakamisa kancane isilinganisonani sentela uma siqhathaniswa ne-GDP siye ku-24.7% kunyakamali wezi-2024/25, uma siqhathaniswa no-24.5% kunyakamali wezi-2023/24. Isilinganisonani lomdlandla wentela lithuthukile laya ku-1.12 lisuka ku-0.66 weminyaka eyedlule.

Kumongo walokhu u-SARS akwenzayo ukulandelela umyalelo wawo ogcizelela ukuqoqwa kwemali, ukwenza ngcono ukuthobela nokuxhumanisa ukuhweba nokuhwebelana okusemthethweni. Le ndlela ibandakanya ukuhlaziya izimo zezomnotho kanye nokuthi izinqubomgomo zentela nezokulawulwa kwempahla zikuthinta kanjani ukuqoqwa kwemali. Ngokuqalisa ukusebenzisa ngempumelelo uhlelo lokuthobela, u-SARS usesimweni esikahle sokuqoqa yonke imali okumele ingene esikhwameni sombuso. Lokhu okwenziwa u-SARS kusemqoka ukuqinisekisa ukusingathwa kwentela okunempumelelo.

Zonke izintela zokusebenza nokusetshenziswa bezilokhu futhi kulindeleke ukuba zenze kahle kakhulu ekupheleni konyaka wezimali wezi-2024/25 kanti izintela zokuthelekisa nezintelo zezinikamandla kulindeleke ukuthi zingenzi kahle. Izintela zezinkampani zona zikhulile ngaphandle kwezintela zezinkampani zezimayini ezilokhu zingenzi kahle ngenxa yokwehla kwemithamo nezintengo okuhambisana nezingqinamba embonini esebenzisana nezinye.

### Izintela zokusebenza

KuSabelomali sowezi-2024, uNgqongqoshe wezeziMali wamemezela, phakathi kokunye, izinyathelo zenqubomgomo yentela emayelana nezintela zokusebenza:

(i) Alukho ushintsho kuzinga lokutheliswa nakuzephulelombuyiselo ezingu-R16.3bn; futhi

(ii) Alukho ushintsho kumhlomulo wentela yezokwelashwa elinganiselwa ku-R1.9bn.

(iii) Ukukhipha imali ohlelweni lomhlalaphansi i-Two Pot retirement system, okwakulinganiselwe ukuzuza okungu-R5 billion kunyaka wezimali wezi-2024/25

Izintela zokusebenza kuqala kwakuqagulwe ukuba zizokhula unyaka nonyaka ngo-13.8% ukuze zifinyelele kuSilinganiso Esigayiwe. Lokhu kwakuncike ekucabangeleni ukuthi imali samaholo sizonyuka ngo-8.4%.

Ku-MTBPS sowezi-2024, isilinganiso semali yamaholo sehliswa safinyelela ku-5.5%, kwathi ngenxa yalokho isilinganiso se-MTBPS se-PAYE sahlelenjwa saya phansi, manje sesidinga ukukhula konyaka nonyaka ngo-12.4%.

Ukukhula kwamaholo okungaphansi kwalokho obekulindelekile, kanye nomthelela omubi owalandela ezinteleni zengeniso lomuntu siqu, kulinganiswe intela ephakeme kunesilinganiso esilinganiselwe evela ekukhishweni kwemali esikhwameni sempesheni kanye nokukhula konyaka nonyaka kwemali eqoqwao yokuthobela.

**Intela Yentengo**

I-VAT yakuleli, okwakubikezelwe ukuthi kuzokhula ngesilinganisonani sika-7.1% kuSabiwomali sowezi-2024, ilokhu ikhule kahle njengokubikezelwa kwayo. Lokhu kwalekelwa kakhulu ukwehla kwezinga lenzalo, ukwehla kwamandla emali kanye nezinga lenzalo, kanjalo nokukhishwa kwemali ezikhwameni zempesheni, konke okukhuphule imali engenayo etholakalayo, kanye nokusetshenziswa kwezimali.

I-VAT yokungeniswa ezweni, ngakolunye uhlangothi, kwehlile ngenxa yokuthi okungeniswa ezweni nakho kwehlile. Ekupheleni kweKwata yesi-3 kowezi-2024, ukuncipha kwangempela kokungeniswa ezweni kwaba ngu-1.3%, uma kuqhathaniswa nokukhula okuqaguliwe okungu-3.8% ngesikhathi se-MTBS. Lokhu kunciphise i-VAT yokungeniswa ezweni ngo-R4.3bn unyaka nonyaka emva kwezimali ezibuyiswayo ezingu-R280.5bn.

**Inteliso yesinikamandla**

Inteliso yesinikamandla nayo ibe nomthelela omubi ekuqoqweni kwemali. KuSabelomali sowezi-2024, ukuqoqwa kwenteliso yesinikamandla kwakulinganiselwe ku-R95.8 billion, kanti lokhu kwabuyekezwa kwehla ku-MTBPS kwafinyelela ku-R82.4 billion, ngokusekelwe ekusetshenzisweni okuphansi kunalokho okulinganiselwe. Ukusetshenziswa kwesinikamandla kusukela kuNhlolanja 2025 bekungamalitha ayizigidigidi ezingama-21 uma kuqhathaniswa nezigidigidi ezingama-24 ngonyaka owedlule, ngenxa yokwanda kokutholakala kwamandla. Ukukhokhwa kwezimbuyiselo ezinkulu zeminyaka edlule kuye kwanciphisa nentela kaphethiloli. Manje kulindeleke ukuthi iphele ku-R80.6bn kuphela, noma u-R15.2 wezigidigidi ngaphansi kunalokho obekucatshangwa ekuqaleni.

## Izimali ezibuyayo

U-SARS usalokhu ezibophezele ngokuqinile ekubeni negalelo ekukhuthazeni isimo esisekela futhi esikhuthaza ukukhula komnotho. Sekukonke, kuze kube mhla zingama-28 kuNhlolanja wezi-2025, ukuqoqwa kwentela kungenise Isamba semali engu-R1 661.3 billion, sisuka ku-R2 074.6 billion wesamba semali eqoqwayo kanye nezinkokhelo zemali ebuyayoengu-R413.3 billion. Ngesikhathi esifanayo, izinkokhelo ze-VAT ebuyayo bezingu-R338.0bn okubonisa ukukhula ngo-R21.3bn (6.7%) kusukela onyakeni wezimali odlule. Ukukhula kwezimali ezibuyayo ze-VAT kuqhutshwa izimbuyiselo zekhredithi ye-VAT ezithunyelwe (ngenani lesikweletu) ngokuhlobene nentela yokufakwayo eyengeziwe emenyezelwe.

## INtela Yengeniso Lenkampani

KuSabelomali sowezi-2024, Intela yesikhashana ye-CIT yayibekwe ku-R302.5bn, kulindeleke ukuncipha kunyaka nonyaka kuka-3.3%. Okuhamba phambili ekuncipheni ikakhulu kungenxa yokungasebenzi kahle okuphansi kwemboni yezimayini. Lokhu kuboniswa kangcono ngokuncishiswa kwezinkokhelo zentela yesikhashana ze-CIT ezivela ezinkampanini ezinkulu *emkhakheni Wezimayini* (-28.4%) kanye *nomkhakha Wezokukhiqiza* (-1.6%), okubonakalise imikhuba emibi emikhulu uma kuqhathaniswa nonyaka wezimali odlule wezi-2023/24. Ukuncipha kunyaka nonyaka kungenxa yokungasebenzi kahle kwe-*Platinum Group Metals* kanye namanani entengo yempahla yamalahle, okubangelwa kakhulu ukushintshashintsha kwezidingo zomhlaba jikelele.

UNgqongqoshe uGodongwana uvumile ukuthi abakwa-SARS benze igxathu elibalulekile emzamweni wabo wokwakha kabusha kanye nokuthuthukisa amandla abo okuphatha ngendlela efanele nangempumelelo ukusingathwa kwentela. Ngaphandle kwesimo somnotho esinzima, imizamo yokuphatha yakwa-SARS ithola izinzuzo ezikhulayo ekuqoqweni kwemali engenayo.

UKhomishana u-Kieswetter uthe:

> *“Imali eqoqwa u-SARS u-90% wayo owezindleko zikaHulumeni. Lokhu kudinga ukuthi u-SARS enze konke okusemandleni ngokomyalelo wabo ukuqinisekisa ukuthi yonke imali eqoqwayo iyaqoqwa ukuze kusekelwe izinhloso zikahulumeni zentuthuko, nakuba umnotho untenga. Ukuqoqwa kahle nangempumelelo kwayo yonke imali kuzolekelela ekuzinziseni isikhwama semali yombuso. Ukuphishekela ukuhlanganisa izinsiza zasekhaya kusemqoka ekuthuthukisweni kwezwe lethu kanye nokuvikela ikusasa lalo.”*

Ukuze kuhlangatshezwane nenselelo edalwe yisilinganiso esibuyekeziwe sika-R1.846 trillion, u-SARS uzoqhubeka nokucija indlela yawo yokuqoqwa kwentela okubandakanya ukuthuthukiswa kwezinyathelo zokuthobela. Izoqhubeka futhi nokusebenzisa izibalo zedatha ezithuthukisiwe, ama-algorithimu okufunda ngomshini, kanye nobuhlakanimbumbulu, ukuze kuthuthukiswe usizo olunikwa abakhokhintela,

ube uthuthukisa amandla ayo okuhlonza nokusabela ekungathobelini okuvamile kanye nobugebengu bentela obubucayi.

Isilinganiso esisha soNyaka wezimali wezi-2025/2026 singu-R2.006 trillion. Isilinganiso semali eqoqwayo sifika ngesimo somnotho esiyinselele emhlabeni jikelele nasekhaya. Isamba semali eqoqwayo esisha siqukethe inhlanganisela yezinyathelo ezimbalwa zenqubomgomo entsha , okuhlanganisa nokukhuphuka okuncane kwe-VAT, kanye nokugxila okuqhubekayo ekusebenzeni ngempumelelo kokuphatha. I-VAT izokhuphuka ngo-0.5% onyakeni ngamunye eminyakeni emibili ezayo, okuzokwenza izinga le-VAT lifinyelele ku-16% onyakeni wezimali wezi-2026/27.

U-SARS uyakwamukela ukwengezwa kwezimali kule nhlangano esikhathini se-MTEF esimenyezelwe namuhla nguNgqongqoshe uGodongwana. U-SARS uzosebenzisa lezi zinsiza ukulandelela izikweletu ezikweletwa inhlangano kanye nawo wonke amafomu emininingwane ngentela asilele. Izophinde isetshenziselwe ukwenza isimanjemanje futhi iqinise amandla ayo ezobuchwepheshe ikakhulukazi ukusetshenziswa kwesayensi yedatha, i-algorithimu yokufunda komshini kanye nobuhlakanimbumbulu ukuze iphendule ezinhlelweni eziyinkimbinkimbi, okuhlanganisa ukubhekana nomnotho ongekho emthethweni, okube nomthelela omubi embonini yethu okuhambisana nokulahleka kwemisebenzi nokukhinyabeza amathemba ethu omnotho. Izophinde isetshenziselwe ukuthuthukisa imizamo yokwenza lula ukuhwebelana okusemthethweni kuyilapho futhi kwenza nzima imisebenzi engekho emthethweni.

Izinyathelo zenqubomgomo yentela ezihlongozwe kwiSabelomali sowezi-2025 zizoba nomthelela emalini engenayo engu-R28.0 billion ngonyakamali wezi-2025/26 kanye no-R44.2bn wonyakamali wezi-2026/27. Imininingwane yezilinganiso ezingatheliswa ifakiwe kuMthethosivivinywa Osalungiswa Wezilinganiso Namanani Emali kanye Nomthethosivivinywa Wokuchitshiyelwa Kwemithetho Yemali Eqoqwayo okhishwe namuhla ukuze umphakathi uphawule ngawo ukusiza ekucwengisiseni iziphakamiso.

*“Nakuba siyibonile inqubekelaphambili ekhuthazayo kwa-SARS, sihlala sazi kabuhlungu ukuthi kuningi okusamele kwenziwe ukuze kubhekwane negebe lentela ikakhulukazi ukwenza u-SARS ube yisimanje ukuze ubhekane nezenzo zezomnotho ezingemthethweni kanye nobugebengu bentela, ukuhlelwa kwentela okunamandla, kanye nezinye izimo eziningi zokungathobeli. Konke lokhu kusho ukuthi kunenani elikhulu lemali eqoqwayo engaqoqwanga. Imizamo yethu mayelana nalokhu kufanele iqiniswe ngokuzimisela nokugxila okungashukumiseki.*

*Ngifisa ukudlulisa ukubonga kwami kuzisebenzi eziyi-13 000 zakwa-SARS ezihlale zisabela ngesibindi obizweni likaNgqongqoshe. Angingabazi ukuthi bazokwenza konke okusemandleni abo ukuhlangabezana nesilinganiso semali eqoqwayo esibuyekeziwe salo nyaka. Beqhutshwa ukuzibophezela kwethu ekuphishekeleni ukuSebenza Ngokobizo, ngiyazi, bazokwenza konke okusemandleni ukuze babhekane nenselelo ephazamisa impilo ehloniphekile, lapho imfundo yezingane*

*ixhaswa khona, abantu abadala bethola izibonelelo zabo, kanye nemithi esindisa impilo enikezwa izakhamuzi zethu, uma sibala abambalwa abahlomulayo.*

*Ngifisa ukubonga bonke abakhokhintela futhi ngikhumbuze wonke umuntu ukuthi isiphetho sethu njengesizwe sixhumene ngokungenakubalekelwa futhi ngokungenakuhlukaniswa. Ukuchuma kwezwe lethu kudinga ukuthi imikhono ibe phezu kwegeja kithi sonke senze umsebenzi onzima ukuze sishiyele izizukulwane ezizayo izwe ezingaziqhenya ngalo, lapho umuntu ngamunye ezophumelela futhi abambe iqhaza ngokugcwele emivuzweni yemizamo yethu ebumbene", kuphetha uKhomishana uKieswetter.*

Ngolwazi, sicela uxhumane noSARS ku SARSMedia@sars.gov.za

#YourTaxMatters